**HILLCREST HIGH SCHOOL**
**UKUHLOLWA KUKANOVEMBA 2014**
**ISIZULU ULIMI LOKWENGEZELELA (FAL)**

**IBANGA LESISHIYAGALOLUNYE( GRADE 9)**

**NON- MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY**

**ISIKHATHI: 2 AMAHORA** **AMAMAKI: 100**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO(INSTRUCTIONS TO CANDIDATES):**

1. Funda lonke iphepha ngaphambi (before) kokuba uphendule.
2. Phendula njengoba uyalelwe(instructed) embuzweni ngamunye.
3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.(isiZulu)
4. Bhala ngobunono(neatly) nangesandla (handwriting) esifundekayo(legible).

## ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA

1. Fundisisa( read carefully) le ndatshana bese uphendula imibuzo elandelayo **ngemisho ephelele(full sentences).**

**Ibhayografi Ka Elias Mafika Vilakazi**

U-Elias Mafika Vilakazi wazalwa ngomhla ziyi-7 kuMbasa 1970 epulazini likaMnumzane Wynand Neetling edolobhaneni elincane okuthiwa iMorgenzon, esifundazweni saseMpumalanga, ezalwa ngoPiet noTozana Vilakazi abangasekho emhlabeni. Ungowesishiyagalolunye ezinganeni eziyishumi, abafana abayisikhombisa namantombazane amathathu. Waqala ukufunda esikoleni samabanga aphansi okwakuthiwa iMzinoni Junior Primary School ngonyaka we-1978. Ngonyaka we-1980 savalwa lesi sikole ngoba sabe sisepulazini lomlungu uMnumzane Job Venter. Umninipulazi wakhala ngokuthi kasikho ezingeni elifanele futhi singafaka izimpilo zabantwana engcupheni. Eqinisweni lesi sikole sabe siyindlu endala yomlungu anikela ngayo ukuba ibe yigumbi lokufundela, kusetshenziswa amakamelo njengamakilasi ahlukene. Wabe esephoqeleka u-Elias ukuba ayohlala ekhaya ngoba sasingekho esinye isikole esasisepulazini elaliseduzane. Ezazikhona zazikude le edolobheni. Nakhona kwakungeke kusalunga ngoba lesi sikole savalwa ngoMandulo. Sasingekho-ke isikole esasingamukela ingane ngaleso sikhathi sonyaka.

Ngonyaka we-1981 waphindela esikoleni iSoko Primary School e-Diepdale kaNgwane lapho abazali bakhe base bakhe khona. Waphoqeleka ukuba aqale phansi ebangeni lokuqala ngoba babungekho ubufakazi obubambekayo ukuthi wake wafunda ngaphambilini waze wafika ebangeni lesibili. Esinye sezizathu kwakungukuthi kaNgwane lwalungafundwa ulimi lwesiZulu. Kwakufundwa isiSwati ngoba kwakuyisabelo samaSwati. Ekuhlolweni kwakhe kokuphela konyaka waphumelela ngamalengiso wabaqwaqwada bonke emakhanda. Nasebangeni lesibili wayelokhu ekukhombise njalo ukukhalipha kwakhe ezifundweni. Nakulo leli banga wabaqwaqwada bonke ozakwabo emakhanda. Ebangeni lesithathu abaphathi besikole banquma ukuba bameqisele ebangeni lesine ngoba benethemba lokuthi nakhona uzokwenza kahle. Ekupheleni konyaka wakuphinda lokho umfo kaVilakazi, wabaqwaqwada bonke emakhanda. Lokhu kwamholela ekutheni eqiselwe ebangeni elilandelayo okwesibili. Waqhubeka njalo ebaqwaqwada emakhanda kuwona wonke amabanga waze wafika ebangeni likamatikuletsheni. Nakhona wenza ezibukwayo ezifundweni zakhe. Ukuphumelela kwakhe ngamalengiso esifundweni seScience, kwamholela ekutheni ibanjwe imiphumela yakhe. Kwadingeka ukuba abhalisele ukuchibiyela ngendlela engaqondakali kahle kube kuthiwa isazocutshungulwa imiphumela yakhe. Imiphumela yokuchibiyela yavala umlomo woMnyango wezeMfundo. Phela wayesephumelele ngamalengiso kulesi sifundo. Wayethole u-A ezingeni eliphezulu (HG). Basidedela isitifiketi sakhe.

Ngenxa yokuthi imiphumela kaMatikuletsheni yatholakala usuhambile kakhulu unyaka, u-Elias kwadingeka ukuba ayobamba itoho lokucwecwa izihlahla emahlathini esebenza ngaphansi kukaMnumzane Sneshi Khumalo. Wasebenza lapho kwaze kwaphela unyaka. NgoMasingana wangonyaka we-1991 u-Elias waqashwa yinkampani yakwa-Eskom. Yamthatha yamusa ekolishi laseMjindini (Barberton) wayofundela ukuba ngunjiniyela kwezikagesi. Lapha ekolishi wayedume kakhulu kwezikanobhutshuzwayo. Iqembu ayelidlalela lalibizwa ngokuthi yiBarberton FC. Wayedlala esiswini. Waphothula izifundo zakhe ngonyaka we-1993. Wabe eseqashwa ngokugcwele enkampanini yakwa-Eskom. Wasuka eMjindini waya eHalfway House eJohannesburg lapho aqala khona ukusebenza eqhuba izifundo zakhe zobunjiniyela ngasese ePretoria Technikon. Lapho wazuza iziqu zobunjiniyela. Njengamanje ungumqondisi khona kwaEskom. Ubusiswe ngezingane ezine, abafana abathathu nentombazane.

1.1. Ubani amagama nesibongo somuntu okubhalwe ngaye le Bhayografi? (2)

1.2. Wazalelwa kuliphi idolobha u-Elias? (1)

1.3. Ngobani amagama abazali baka- Elias? (2)

1.4. Bangaki kubo ka-Elias abayizingane sebebonke? (1)

1.5. U-Elias waqala ukufunda kusiphi isikole samabanga aphansi? (1)

1.6. KwaNgwane kwakufundwa ngaluphi ulimi? (1)

1.7. Wayiphasa ngayiphi isimboli isayensi u-Elias? (1)

1.8. U-Elias wasebenza kubani emva kokuqeda uMethriki? Bhala igama nesibongo. (2)

1.9. Waqashwa( hired) yiyiphi inkampani u-Elias ngo 1991? (1)

1.10. Wafundela muphi umsebenzi u- Elias? (1)

1.11. Wayedlalela liphi iqembu lebhola u-Elias? (1)

1.12. Khetha impendulo enembayo(accurate) . Bhala uhlamvu(letter) kuphela.

1.12.1. U-Eskom yinkampani ekhiqiza(produce).......

A. amanzi
B. ugesi
C. umhlabathi (1)

1.12.2. Ngesikhathi edlala ibhola u-Elias wayengumdlali........

A. wasesiswini
B. wasemuva
C. waphambili (1)

1.12.3U-Elias unezingane .......

A. ezintathu
B. ezimbili
C. ezine (1)

1.12.4. U-Elias wathola iziqu zobunjiniyela e.......

A. University of Pretoria
B. Pretoria technikon
C. University of Barbeton (1)

1.13. Phendula ngokuthi **yiqiniso** noma **yiphutha.**


1.13.1. U-Elias unodadewabo abathathu. (1)

1.13.2 U-Elias wayezalelwe kwaZulu Natali. (1)

1.13.3.U-Elias walifunda kabili ibanga lokuqala. (1)

[21]

2. Bukisisa isithombe bese uphendula imibuzo elandelayo **ngemisho ephelele.**



**BEELD**
**Amaphoyisa asesebenzisa izikeytibhodi ukubamba izigebengu.**

2.1. Ithathwe kuliphi iphephandaba (newspaper) le khathuni? (1)
2.2. Laliphume ngaluphi usuku leliphephandaba? (1)
2.3. Zingaki izimoto ezivela lapha esithombeni? (1)
2.4. Amaphoyisa asebenzisani ukujaha izigebengu? (1)
2.5. Yisiphi isilwane esigibele iskate board phakathi kwalezi
( ikati, inyoni, inja) (1)

**[5]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A : 25**

## ISIQEPHU B: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

3. Shono ukuthi amagama adwetshelwe endabeni ayiziphi izigaba zamabizo.
Isibonelo:ulimi – isigaba 11

3.1. u-Elias (1)
3.2. izimpilo (1)
3.3. amakamelo (1)
3.4. isikole (1)

**[4]**

4.Guqula( change) amabizo abhalwe ngokunzima(bold) abe yisabizwana soqobo.(absolute pronoun).Umusho wonke( whole sentence)

Isibonelo: Umndeni ka-Elias mkhulu.
Wona ka –Elias mkhulu.

4.1. Isikole sika-Elias savalwa. (1)
4.2. Abazali bathutha bayokwakha eDiepvale. (1)
4.3. Babungekho ubufakazi bokuthi uke wafunda. (1)
4.4. Waweqiswa amabanga amaningi u –Elias. (1)
4.5. U-Elias wabamba itoho lokucwecwa izihlahla. (1)

**[5]**

5.Bukisisa isithombe esingezansi bese wakha imisho (sentences) ehambisana naso eveza lezi zingcezu zenkulumo(parts of speech) Dwebela ucezu lwenkulumo.



5.1.isabizwana soqobo( yena, bona) (1)
5.2. isiphawulo ( -ningi) (1)
5.3.ongumnini (possessive) - khe (1)
5.4. isibaluli – mhlophe (1)
[4]

6. Bathakazelwa kuthiweni abalezi zibongo.
6.1. Mkhize (1)
6.2. Ndlovu (1)
6.3. Khumalo (1)
6.4. Khanyile (1)
[4]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 17**

## ISIQEPHU C: UKUBE ....NGABE.... SIPHO J. MCHUNU

7.Funda isiqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo **ngemisho ephelele.**

> " Habe ! Ngisafunda khona .Kumnandi kulesiya sikole. Siba namakhonsathi kubuye kufike abantu abadumile nabavela phesheya kwezilwandle, ngeke ngihambe kulesiya sikole" kusho uThembani .
>
> "Uyofunda liphi ibanga kulo nyaka ozoqala"
>
> " Leshumi mngane wami" kuphendula uThembani.
>
> " Nami mngane wami," kusho uThoko ethokoziswa ukuthi basahambisana ngokufunda.

7.1 Obani amagama amantombazana amabili aphendulana kule ngxoxo. (2)

7.2 UThoko lo uhlala kuliphi ilokishi( township)? (1)
7.3 Owakwabani isibongo uThoko? (1)
7.4 Yini igama lesikole okufunda kuso uThembani? (1)

7.5Ubani igama nesibongo sesoka( boyfriend) kaThoko? (2)

7.6Phendula ngokuthi **YIQINISO noma YIPHUTHA**

7.6.1 UThoko wayenguthunjana( last born) kubo. (1)

7.6.2 Abazali bakaThoko babengothisha bobabili. (1)

7.6.3 Isibongo sikaThembani uKhumalo. (1)

[10]

8 Funda isiqephu bese upphendula imibuzo elandelayo

> " Thoko, mina ngithi ngicela uhambise le nkulumo yami kubazali bakho. Ngifuna ukushada manje.Ubummeli lobo okhuluma ngabo ngizobuye ngibubone.Asishade sibe nezingane ezimbili bese siyofundela imisebenzi – ke sesinesisekelo somuzi wethu."
>
> UThoko afikelwe umcabango wokuthi kuhle akhulume ahlube udlubu ekhasini.
>
> "Singeye nganxanye singemanzi mntakwethu.Mina angivumelani Nalokhu okushoyo.Awazi yini ukuthi uma abantu beshada benga-zilungiselele, badla imbuya ngothi.Kuyinkinga ukuqala ngokushada ugcine ngokufunda.Ubani oyobheka izingane zethu? Zogqokiswa ubani?

8.1.UThoko uhlobene (related) kanjani nalo akhuluma naye? (1)

8.2. Ithini le nkulumo uThoko okwakufanele ayihambise kubazali bakhe? (1)

8.3. Bhala izinto **ezintathu** ezazenza uSipho afune ukushada manje. (3)

8.4. UThoko wayefuna ukuyofundela muphi umsebenzi ? (1)

**[6]**

9.Phendula le mibuzo ngegama **elilodwa** noma **amabili** kuphela.

9.1. Ubani igama likadadewabo kaThoko? (1)

9.2. USipho wayezalwa umabani? (1)

9.3. Ngobani amagama obaba **ababili** bakaSipho abadala asebashona. (2)

9.4. UThoko noThembani bafunda kuyiphi iNyuvesi? (1)

9.5. Kwakungubani igama likamngane kaSipho? (1)

[6]

10. Khetha impendulo okuyiyonayona kubakaki uyibhale phansi.

10.1. Umama kaThoko ( uMaMkhize, uMaNdlovu, uMaSithole) (1)
10.2. UThoko wayehamba (noNonhlanhla, Nozipho, Nokuthula) Ngesikhathi eya kuSonhlalakahle. (1)
10.3 Abakhongi bakwaMchunu bebehamba ngemoto yohlobo( lweBMW, lweMesedisi, lweVOLVO) (1)
10.4 (UDoda noMciji, uNdoda noMcijeni, uDoda noMcijeni ababeyokhonga uThoko. (2)
10.5 USipho wagcwatshwa kanye namantombazane( amathathu, amane, Amabili) (1)

**[6]**

**ISAMBA SESIQEPHU C: 27**

## ISIQEPHU D: IMIBHALO YOKUZIQAMBELA (creative writing)

11. Khetha isihloko( topic) **ESISODWA** kwezilandelayo ubhale ngaso ngamagama angama -80 kuya kwayi -100.

11.1. Umzala wakho ebenizwana ( close) naye ushone ngemuva kwengozi yemoto. Umndeni wakho ucele ukuba kube nguwe ozofunda umlando wakhe ngosuku lomngcwabo.Bhala phansi – ke **umlando** kamufi. (30)

**NOMA**

11.2. Umngane wakho omkhulu uzokuvakashela ukuze nibukezele(revise) ukuhlolwa( exam).Ngenxa yokushisa kwelanga ubone kungcono umlungisele isaladi yezithelo (fruit) .Bhala phansi **le saladi yezithelo** ozoyenza. (30)

**ISAMBA SEPHEPHA SESISONKE: 100**